# ULWAZI LUKHULU LEKILE UHLELO

## FUNA ILUNGELO LAKHO LOKWAZI!

**zibandakanye:** nikela **namhlanje** at www.r2k.org.za!

RIGHT2KNOW

# ZIBANDAKANYE NOMZABALAZO WOKUTHOLA ULWAZI!

## konke odinga ukukwazi NGOMKHANKASO WELUNGELO LOKWAZI

Umkhankaso welungelo lokwazi (R2K) ingumfelandawonye wezinhlangano ezinhlobonhlobo nabagqugquzeli bezinhlangano, ababumba amandla okududula nokusekela imizabalazo yomphakathi emayelana nokufumana ulwazi nenkululeko ekukhulumeni. Umkhankaso waphakwa ngo August 2010 ukufaka inselelo "ngomthetho sivivinyo wemfihlo" kodwa sewukhule namuhla waze waba negunya elithe xaxa lokubheka izinkinga ezibanzana.

## SUKUMELA ILUNGELO LOKWAZI EMPHAKATHINI!



### SIDINGELANI UKUBA NELUNGELO LOKWAZI?

Ake ucabange uma uzama ukubhala izifundo zokuhlolwa, noma uzama ukwenza umsebenzi ngaphandle kokuba nolwazi olwenele. Sonke siyazi ukuthi yini umphumela waloko - sinokungaphumeleli kwebesikubhala bese singakwazi futhi ukwenza kahle lowo msebenzi. Okubalulekile wukuthi ngaphandle kokuba nolwazi esiludingayo noma ngabe -olokubhala izifundo zovivinyo noma ukuqiniseka ukuthi umasipala wakho uyaziletha izidingo ngqangi anamandla okubhekela ngazo umphakathi wakho-sisala sisebumnyameni.

Izindaba ezimnandi ukuthi akukhathalekile ukuthi udaba luthinta ikhansela lakho noma umasipala noma izinhlelo zikahulumeni wesifunda emphakathini wakho noma uthwesa isibopho imboni yendawo: unelungelo lokwazi !

Loku kusho ukuthi yonke imiphakathi inelungelo **LOLWAZI OLUKHULULEKILE UKUBANDAKANYA NGOKUGCWELE NENKAMBISO ENOBUQOTHO.**

**ULWAZI OLUKHULULEKILE →** Loku kusho ukuthi kufanele ubenolwazi olugcwele ngokuhlelelwe umphakathi, ulwazi kufuneka luvulelekelube lula ukutholakala nokuqondeka.

**UKUBANDAKANYWA NGOKUGCWELE →** Loku kusho ukuthi kufanele kube khona ukuxoxisana nabaphethe noma izinhlaka ezithatha izinqumo emphakathini wakho, umenywe emihlanganweni ebalulekile!

**INKAMBISO ENOBUQOTHO →** Abasezikhundleni kwaHulumeni nabaphethe ezombusazwe, nabanye abantu abanamandla ezikhundla emphakathini (njengoso-mabhizinisi bendawo), kufanele balalele izikhalazo zakho. Imibono yakho ibalulekile nezwi lakho kufanele lizwakale!



## THINTANA NATHI


**R2K Gauteng**: Bongani 071 043 2221 **R2K W. Cape**: Nkwame 078 227 6008
**R2K KZN**: Des 083 982 6939 **R2K E.Cape**: Xola 073 550 1949
**R2K National Office:**
(t) 076 728 7009 (f) 086 551 8879 (e) amdin@r2k.org.za
Ungaphinda usivakashele ku **www.r2k.org.za** khuluma nathi **kuFacebook.com/Right2Know** noma ku Twitter(**@r2kcampaign**)

**zibandakanye:** nikela **namhlanje** at www.r2k.org.za!

**Imilenze emine** yomkhankaso weLungelo loKwazi:

**1 VALA UKUFIHLA!**
Vala umthetho-sivivinyo, neminye imithetho nokwenza okusebenzisa imfihlo ngendlela engalungile, kunciphisa nelungelo loMthethosisekelo lokubeka izinto obala negunya elithe xaxa lokubheka izinkinga ezibanzana.

**2 AKUTHOLAKALE ULWAZI MANJE!**
Akube nobunye nemiphakathi nemizabalazo efuna ulwazi ukuvikela amalungelo ayo okuthola izidingo ngqangi. Wonke umuntu unelungelo lokuthola ulwazi olukhululekile, ukubandakanyeka okuphelele, kanye nenkambiso enobuqotho.



**3 AYANDE IMIBIKO YEZINDABA - INGANCIPHI!**
Ukwenyuswa kwezinga lezinhlobo ezahlukene zokwethulwa kwezindaba ezingancikile ngokuphathwa kuHulumeni nasezinkampanini, nokufuna ukuxhumana ngamakhomputha nocingo okungabizi kakhulu: Ilungelo lokuxhumana!

**4 UBULUNGISWA KUBASHAYIMPEMPE!**
Uma abantu bebona ukwenza okungalungile kufanele bakwazi ukushaya impempe ngaphandle kokwesaba. Ilungelo lokwazi lisebenzela ukwesekela nokuhambisana nabashayimpempe.

## UNGALUSEBENZISA KANJANI ULWAZI?

Ukuba nelungelo lokwazi kanye nelungelo lokukhuluma ngenkululeko, kuchaza ukuba phakathi olwazini ukuze umphakathi ukwazi ukuba namandla nolwazi lokuzithathela izinqumo. Ukuqinisekisa ilungelo lokwazi ingenye yezindlela ezincane zokwenza umbuso wentando yeningi usebenzele uquqaba.

Imiphakathi eminingi isike yazizwela lapho abasezikhundleni zakwaHulumeni, osopolitiki, noma iziNkampani ezizimele bezama ukuvimba lemiphakathi ekuhlomuleni ezinhlelweni, bencisheka ukuthola ulwazi, okuyindlela yokuqeda amandla nokudikibalisa lemiphakathi bangayinaki ngokwethembeka.

### LOKU KUCHAZA UKUTHI UNELUNGELO LOKWAZI LOKU:

- Ukuthi umasipala uyisebenzisa kanjani imali yomphakathi!
- Yiziphi izinhlelo anazo uhulumeni wasemakhaya zokwenza ngcono ukulethwa kwezidingo-ngqangi emphakathini, i noma ukulwa nenkohlakalo? Kukhona inqubeko kulezonhlelo?
- Zithini izinhlelo zokwabiwa kwezindlu!
- Ubani owathola amathenda kamasipala, nokuthi akhokhela malini!
- Ukuthi inkampani esendaweni iyayilalela yini imithetho yokuqasha nokuthi abasebenzi ibaphethe kahle ngobuqotho!
- Unelungelo lokwazi ukuthi leyonkampani ayisebenzi ngendlela engcolisa indawo okuphilwa kuyo, njengamanzi nomoya.
- Uma inkampani ezimele ithola imali yokusebenzela umphakathi (njengokuqoqa inkunkuma, ukwakha izindlu zomxhaso) iyisebenzisa ngendlela leyomali yomphakathi?

Ziningi izilinganiso ezingenziwa!Loluhlobo lolwazi kufanele lutholakale ngenkululeko mahhala kuwo wonke umuntu. Kodwa ngokuvama akubi njalo- abaningi abagqugquzeli bezinhlelo nabaholi bemiphakathi sebake bahlangabezana nesimo sokusetshenziswa kwemfihlo mayelana nalezilinganiso ezenziwe!

**ULWAZI LUKHULU LEKILE UHLELO**

# ULWAZI LUKHULU LEKILE UHLELO

# FUNA ILUNGELO LAKHO LOKWAZI!

**zibandakanye:** nikela **namhlanje** at www.r2k.org.za!

RIGHT2KNOW

# ZIBANDAKANYE NOMZABALAZO WOKUTHOLA ULWAZI!

Lapho kukhona imfihlo enkulu, kuvame ukuba kubekhona imali eningi echithwayo, ukungasebenzi kwabakahulumeni ngamakhono okuqeqesheka, inkohlakalo, nokunyefisa kwamalungelo abantu.

Ulwazi lungamandla. Abantu abanolwazi lokusebenzisa umsakazo neziteshi zomabonakude, amaphephandaba, namakhomputha ukuxoxisana nomphakathi, kuthekeliswane ngolwazi, kwenziwe iziphakamiso zabo, laba bangabantu abanamandla. Osopolitiki abalambele amandla osomabhizinisi abadudulwa ukuhalela inzuzo, balwela ukuqhoqhobala imigudu yezindaba ngoba yikona okuzobasiza ukuba namandla okukhalima abantu.

Kodwake umkhankaso welungelo lolwazi (R2K) umemezela izindlela zokubikwa kwezindaba ezikhululekile nezinhlobonhlobo. Ngaphandle kwenkululeko, imigudu yokubika izindaba ingaba izwi likahulumeni, kodwa futhi ngaphandle kwezindlela ezinhlobonhlobo zokubika izindaba nokuba nobunikazi balezindlela, zingagcina zisiza abayingcosana.

## LWELA AMALUNGELO AKHO!

Ukwazi amalungelo akho kuyisinyathelo sokuqala. Kodwa isinyathelo esilandela leso ukuwalwela lawomalungelo, ngoba sonke siyazi ukuthi ukwenza kubaluleke kakhulu kunamazwi. Ukulwela ilungelo lokwazi kubalulekile kuwumongo ekulweleni wonke amanye amalungelo ethu - njengelungelo lokuba nendlu ekahle, imiphakathi ephephile, amanzi ahlanzekile, nokunye okuningi. Ngaphandle kolwazi olusinika amandla luphakele nemizabalazo yethu, sifana nabantu abalwa izandla zabo ziboshelwe emhlane.

Uma wena nomphakathi wakho niwazi amalungelo enu okuthola ulwazi bese nihlelela ukuwalwela, wena nomphakathi wakho aniyukuba namandla kuphela, kodwa niyokwazi ukubhekana nabombusazwe, uhulumeni, nosomabhizinisi bendawo mayelana nezibopho abanazo emiphakathini. Yiwona mbuso wentando yeningi lowo!

### Ukhona yini umthetho ongasiza na?

EMzansi afrika kukhona umthetho omele ukuqinisekisa ilungelo lakho lokuthola ulwazi: obizwa ngokuthi owoku qhubekisa ukutholaka kolwazi Promotion of Access to Information Act (noma i-PAIA)

I PAIA ithi noma yimuphi umuntu angafaka isicelo sokuthola imibhalo ethize ezinhlakeni zikahulumeni nasezakhiweni zezinhlangano ezizimele, futhi umuntu ufanele ukuthola impendulo ezinsukwini ezingamashumi amathathu 30 wezinsuku.

Kodwa nakuba iPAIA imiselwe ukunika amandla kubantu, ukufaka lesicelo kuvamise ukuba yindlela yokwenza edikibalisayo!

IKhomishane emele amalungelo aBantu ithi uma umuntu noma umphakathi ufaka isicelo kuhulumeni esebenzisa iPAIA kuvame ukungabikho mpendulo emzameni wezikhathi ezimbili kuya kwezintathu.

Eminye imiphakathi ibika ukuthi yalinda eside isikhathi ukuthola ulwazi oluceliwe, noma bathole ulwazi olunzima ukuqondakala, kumbe bangaphendulwa nhlobo.

*Lezi ngezinye zezinhlangano ezinokukunika iseluleko noma zikusize ekuceleni ulwazi oludingayo.*

- ***Umkhankaso welungelo lokwazi (R2K)*** *076 728 7009 www.r2k.org.za*
- ***The South Africa History Archives:*** *(indawo yokukhweza imibhalo yomlando eMzansi) 011- 717 1941 www.saha.org.za*
- ***SA Human Rights Commission:*** *(Ikhomishani yamalungelo aBantu eSouth Africa) 011- 877 3600 www.sahrc.org.za*
- ***Legal Resource Centre:*** *011- 836 9831 www.irc.org.za*
- ***Public Service Accountability Monitor:*** *Umqaphelisi wokusebenzela uwonkewonke ngokwethembeka: 046-603-8358 www.psam.org.za*

## THINTANA NATHI

**R2K Gauteng**: Bongani 071 043 2221 **R2K W. Cape**: Nkwame 078 227 6008
**R2K KZN**: Des 083 982 6939 **R2K E.Cape**: Xola 073 550 1949
**R2K National Office:**
(t) 076 728 7009 (f) 086 551 8879 (e) admin@r2k.org.za
Ungaphinda usivakashele ku **www.r2k.org.za** khuluma nathi **kuFacebook.com/Right2Know** noma ku Twitter(**@r2kcampaign**)

**ULWAZI LUKHULU LEKILE UHLELO**

## AZANDE IZINDLELA ZOKUBIKA IZINDABA ZINGANCIPHI!



### UKUBIKWA KWEZINDABA MAKUKHULULEKELE BONKE

Ukubikwa kwezindaba kuyigunya likawonkewonke- umphakathi wethu udinga ukucoshelwa kwezindaba okuzimele, okukhululekile, okufundisayo. Umthethosisekelo uthi kuyilungelo lethu! Ukubikwa kwezindaba kufanele kube okuzimele kungaphathwa abasebenzi bakahulumeni, osopolitiki, nezinhlangano zosomabhizinisi. Ilungelo lokwazi limelana nako konke ukugxekwa/ukusolwa nokuthi izintatheli zibe nenkululeko yokwenza okulungile futhi zivikele imithombo yazo yezindaba.


### ILUNGELO LOKUSHAYA UCINGO, WENZE IMIYALEZO, NOLWAZI LWAMAKHOMPUTHA

Uhlelo lwe Internet komakhalekhukhwini lunika wonke umuntu amakhono okuthola nokwabelana ngolwazi. Kodwa nakuba cishe wonke umuntu eMzansi Afrika usenomakhalekhukhwini, nezingcingo eziningi sezine " internet," abantu abaningi abanawo amandla okuba naloku. Loku kungoba izinkampani zomakhalekhukhwini zenza inzuzo enkulu! Ilungelo lokuxhumana lisemthethweni sisekelo (njengelungelo lamanzi nogesi) futhi umkhankaso welungelo lokwazi ukhankasela ukuthi kutholakale i-airtime emahhala abantu abangaba namandla okuyithola, uhlelo lwemiyalezo, ne 'data.' izinkampani zomakhalekhukhwini zingakwazi ukukhokhela loku ngakhoke kungani bengenzi zitholakale?

### XHASA IZINHLOBONHLOBO ZEZINDLELA ZOKUBIKA IZINDABA!

EMzansi Afrika imvama yezindlela ezinkulu zokukhipha izindaba ziphethwe izinkampani ezinhlanu kuphela (ezine ezizimele kanye neSABC) zozezindaba .Izinhlangano zezindaba zomphakathi ezizama ukusebenzela izidingo zomphakathi azinamali eyenele,ziyazabalaza ukungawi . Sidinga ukunciphisa amandla alezinkampani ezibusayo ngokuphatha izindaba, sibe nezinye izinhlobo zokusakaza, neziteshi zomabonakude,amaphephandaba, amaphephabhuku namawebsite, azoxoxa izindaba zethu asinike nezwi.

## VIKELA ABASHAYIMPEMPE!




**UYINI UMSHAYIMPEMPE?** Umshayimpempe umuntu obona ukwenza okungalungile abese ephumisela ngaloku akubonile! Njengomshayimpempe ebholeni obona iphutha abese eshaya impempe, nayeke umshayimpempe usebenzisa inkululeko yakhe yokukhuluma ukwazisa abantu bonke ukuthi kukhona ophula umthetho noma owenza okungalungile

**YIZIPHI IZILINGANISO EZINYE?** Umshayimpempe kungaba umuntu ovezela umphakathi ngenkampani exhaphaza abasebenzi bayo, noma osesikhundleni sukamasipala oveza inkohlakalo khona ngaphakathi. Uma abantu bonke sebethola lolwazi ngokwenzekayo okungekho emthethweni-lololwazi lusuke luvezwe umshayimpempe. Lowomuntu angaluthatha ulwazi aluse kulowo osesikhundleni esifanele njengoMvikeli kaWonkewonke noma Umnyango Obhekele Amalungelo Abantu, noma intatheli.

**YINI AMALUNGELO AKHO?** Nakuba uMthethosisekelo uvikela amalungelo abashayimpempe, futhi sinayo imithetho emele ukusiza amalungelo abo, njengoMthetho wokuDalula ngokuvikelekile (Protected Disclosures Act), eqinisweni akukho ukuvikeleka kwabashayimpempe, ngenxa yalokho babhekene nezinselelo ezinkulu!

Isilinganiso, umuntu oshaya impempe ngomqashi wakhe uvame ukulahlekelwa umsebenzi (yize umthetho usho ukuthi awunakuxoshelwa ukushaya impempe) Ngesinye isikhathi umuntu onenkohlakalo angathi umshayimpempe wephule umthetho, abese eqasha ummeli ukuze esabise umshayimpempe, noma amfake enkantolo. Kwesinye isikhathi abashayimpempe bayalinyazwa noma babulawe.

Abashayimpempe baseMzansi Afrika bakhonjwa kabi, bayesatshiswa futhi bavalwa imilomo.

**KUFANELE SIBAXHASE!**